



It starts with a story...

## Stock up on reading resources!

**Children learn to read by reading! Once the seed of reading has been planted, you need to keep nurturing it so that their love of reading grows stronger. This means making sure that your reading club has lots of interesting things that children will love to read. Here are some ideas to help you do this.**

- Buy books.** Organise events, like a braai or cake sale, to raise money to buy books for your club. Then, look for cheaper books at bargain bookshops, second-hand bookshops and charity book sales.
- Borrow books.** Your public or school library is a great source of free reading material. Get all your reading club members and volunteers to join up so that you can borrow lots of different books. Look for books in the languages of your members and ask the librarian to order some, if necessary.
- Get books as gifts.** Ask club members and everyone you know to donate a book to your club on their birthday.
- Find book donors.** Look for organisations that donate children's books in different languages. Also ask all the schools in your area to collect books for your club. Remember to make sure that all donated books are appropriate for your members.
- Swap books.** Link up with other reading clubs you know and arrange to exchange books with them for a while.
- Make books and story cards.** Create your own bilingual books using the mini-book pages in the *Nalibali* newspaper supplements. Cut out the longer stories in the "Story corner" section. Many of these are in two parts. Paste each part onto either side of an A4 sheet of cardboard. Cover this with plastic or place it in a plastic sleeve.
- Become story writers.** Write your own stories for and with children. Children are a talking, living resource, with their own rich stories just waiting to be told, written down and read.
- Be story miners.** Look for stories in newspapers and magazines that you think would interest members of your reading club. Cut them out and use them to create story cards.



## Gcwalisani izinsiza zokufunda!

**Izingane zifunda ukufunda okubhaliwe ngokufunda! Uma imbewu yokufunda seyitshaliwe, kudingeka ukuthi uqhubeke nokuyinakekela ukuze uthando lokufunda lukhule lube namandla. Lokhu kuchaza ukuqinisekisa ukuthi ithimba lenu lokufunda linezinto eziningi ezihlaba umxhwele izingane ezithanda ukuzifunda. Nanka amanye amacebo angakusiza ukuthi wenze lokhu.**

- Thenga izincwadi.** Hlelani imicimbi efana nokosa inyama noma ukudayisa amakhekhe, ukuze nithole imali yokuthenga izincwadi zethimba lenu lokufunda. Bese nibheka izincwadi ezishibhile ezitolo ezidayisa izincwadi ngamanani aphantsi, ezitolo ezidayisa izincwadi ezingasezintsha kanye nalapho kudayiswa khona izincwadi ukuze kusizwe abaswele.
- Bolekani izincwadi.** Umtapo wezincwadi womphakathi noma wasesikoleni ngumthombo omuhle wokungafundwa kwamahhala. Yenza wonke amalungu ethimba lokufunda kanye namavolontiya ukuthi babhalise ukuze nikwazi ukuboleka izincwadi eziningi ezahlukene. Bheka izincwadi ezingezilimi zamalungu akho bese ucela umsizi wakumtapo wezincwadi ukuthi afake isicelo sokuthengelwa ezinye, uma kunesidingo.
- Thola izipho eziyincwadi.** Cela amalungu ethimba nawo wonke umuntu omaziyo ukuthi banikele

ngezincwadi ethimbeni lenu ngosuku lwabo lokuzalwa.

- Thola abazonikela ngezincwadi.** Bheka izinhlangano ezinikela ngezincwadi zezingane ngezilimi ezahlukene. Cela nezikole zonke ezisendaweni yakho futhi ukuthi ziqoqe izincwadi zethimba lakho. Khumbula ukuthi uqinisekise ukuthi zonke izincwadi ezinikelwe ziyahambisana namalungu akho.
- Shintshanani ngezincwadi.** Hlanganani namanye amathimba okufunda eniwaziyo bese nihlelela ukushintshisana nawo ngezincwadi isikhashana.
- Yenza izincwadi namakhadi ezindaba.** Yakha ezakho izincwadi ezingezilimi ezimbili usebenzisa amakhasi ebhukwana elisezithasiselweni zephephandaba zakwaNalibali. Sika ukhiphe izindaba ezinde esigabeni esithi "Ikhona lezindaba". Eziningi zazo ziyizingxenywe ezimbili. Namathiselani ingxenywe ngayinye ohlangothini ngalunye oqwembeni lwekhalibhothi elingu-A4. Likhaveni ngeplastiki noma nilifake esikhwameni seplastiki.
- Yiba umbhali wezindaba.** Bhalela izingane izindaba zakho, ezinye uzibhale nazo. Izingane ziwumthombo okhulumayo nophilayo, zinezindaba zazo ezinohle ezilinde ukuxoxwa, ukubhalwa nokufundwa.
- Thungatha izindaba.** Funa izindaba emaphephandabeni nasemaphephabhukwini ocabanga ukuthi zingawahlaba umxhwele amalungu ethimba lakho lokufunda. Zisike uzikhiphe bese uzisebenzisela ukwakha amakhadi ezindaba.

For more information on how to get books for your club go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Visit our Recommended Reads section to find out about books suitable for different age groups and on different topics.



Uma ufuna ukuthola eminye imininingwane yokuthi ungalitholela kanjani izincwadi ithimba lakho lokufunda iya ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Vakashela isigaba sethu esithi "Izincwadi esincoma ukuthi zifundwe" ukuze uthole kabanzi ngezincwadi ezifanele izigaba zeminyaka ezahlukene futhi nangezihloko ezahlukene.



Drive your  
imagination

Read to me. Never too early.  
Never too late.  
Ngifundele. Ungesheshe kakhulu.  
Ungelibale kakhulu futhi.





# Making history with Na'ibali!

**This year Na'ibali celebrated World Read Aloud Day at two events held in Cape Town for almost 400 children.**

We invited children from four reading clubs in Khayelitsha that are part of the Na'ibali network – Injongo Silukhanyo Reading Club, Chumisa Reading Club, Sophazi Reading Club, Silukhanyo Reading Club – as well as children from the Philani Development and Sikhula Sonke Early Childhood Development Centres to join us at an event at the Harare Library on Saturday 2 March, to say thank you for their commitment to growing reading for pleasure.

Then on 6 March, children from the Young Authors' Club and Kannemeyer Reading Club, joined other children at Central Library for a read-aloud session with award-winning South African author, Niki Daly, who read the story *A gold star and a kiss for Thoko* he had specially written and illustrated for World Read Aloud Day 2013. In fact, lots of other children in South Africa got to hear the story being read to them too – during the first week of March, 13 401 children listened to this story, making this South Africa's largest World Read Aloud Day celebration ever!



Children showing whether they are members of the library

# Ukuqopha umlando noNa'ibali!


**Kulo nyaka uNa'ibali ugubhe Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu emicimbini emibili ebibanjelwe eKapa nezingane ezibalelwa kwezingama-400.**

Samema izingane ezisemathimbeni amane okufunda aseKhayelitsha ayingxenywe yohlelo lakwaNa'ibali – i-Injongo Silukhanyo Reading Club, iChumisa Reading Club, iSophazi Reading Club, iSilukhanyo Reading Club – kanye nezingane zasePhilani Development Centre naseSikhula Sonke Early Childhood Development Centre ukuze zihlanganyele nathi emcimbini owavukumtapo wezincwadi waseHarare ngoMgqibelo mhla zi-2 kuMashi, ukuze sibabonge ngokuzibophezela kwabo ekuthuthukiseni ukufundela ukuzithokozisa.

Kwathi ngomhla ka-6 Mashi, izingane zaseYoung Authors' Club naseKannemeyer Reading Club, zahlanganyela nezinye izingane eCentral Library ekufundeni kakhulu nombhali waseNingizimu Afrika ozuze imiklomelo eminingi, uNiki Daly, owafunda indaba ethi *Inkanyezi esagolide nokuqatshulwa kukaThoko* ayeyibhalele wayidwebela nezithombe Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu luka-2013. Empeleni, ziningi nezinye izingane zaseNingizimu Afrika nazo ezezwa indaba ngokuyifundelwa – ngesonto lokuqala likaMashi, ziyizi-13 401 izingane ezezwa le ndaba, okwenza ukuthi lona kube umgubho omkhulu kunayo yonke eyake yaba khona yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu!



Niki Daly reading his story



Listening to stories at Harare Library

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)




### Create your own mini-book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakhele ibhukwana lakho

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





Dangos lay still. She didn't want to do anything at all. Dangos ule ubuthongo obumandi. Ubengafuni ukwenza lutho.

Fold

On Thursday, Aunty went to the clinic. She came back with some special medicine for Dangos. Ngolwesine, u-Anti uye eklinikhini. Ubuye nemithi ayiphathele UDangos.



We publish what we like

This is an adapted version of *Oh no!*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Hhayi cha!*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethiekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

# Oh no! Hhayi cha!



Carole Bloch  
Nikki Jones



Drive your imagination


Fold

Fold

On Friday, when Dangos woke up, she felt much better. She had no more sneezes. Her head didn't hurt, her throat didn't tickle and her nose only dripped a little.

"Hmm," said Aunty, "another day inside for you."


"Oh no," sighed Dangos. "I want to go fishing with Uncle."



Ngolwesithathu, uDangos uvuke wathimula kwaze kwaba kathathu elandelanisa. Ikhanda lakhe libuhlungu, umphimbo wakhe uyaluma ngaphakathi ikhala lakhe livuza amafnyila.

"Kuzofanele uhiale ekhaya namhlanje, kufanele sikunakekele uma ugula," kusho u-Anti.

"Hhayi cha! Ngifuna ukubumba onodoli emfuleni," kukhononda uDangos.



On Monday, Dangos woke up and sneezed. "Aachoo!" Her head hurt.

"Come straight home after school today," said Aunty. "You may be getting sick."

"Oh no! I want to climb the marula tree today," sniffed Dangos.



Oh no!  
Hhayi cha!

Fold

Fold

On Wednesday, when Dangos woke up, she sneezed three times in a row. Her head hurt, her throat tickled and her nose dripped.  
"You'll have to stay inside today. We have to take special care of you when you get sick," said Aunty.  
"Oh no! I want to make dolls at the river," moaned Dangos.



Ngolweshianu, uDangos uvuke engcono kakhulu. Akazange athimule. Ikhanda lakhe belingebuhlungu, umpfimo wakhe bewungalumi ngaphakathi ikhala lakhe belivusa amafinyila kancane.  
"Hmmm," kusho u-Anti, "elinye ilanga lokuhlala ekhaya futhi."  
"Hhayi cha," kusho uDangos. "Ngifuna ukuyodoba nomalume."




Fold

"I'm going to make dolls and I'm going to go fishing with Uncle," she told Aunty.  
Aunty nodded and smiled.  
"Ngizobumba onodoli futhi ngizoya kodoba nomalume," etshela u-Anti wakhe.  
U-Anti wanqekuziza ikhanda wamamotheke.

NgoMsombuluko uDangos uvuke wathimula. "E...thiya!" Ikhanda lakhe libuhlungu.  
"Uphume esikoleni uze ekhaya namhlanje," kusho u-Anti. "Engathi ungenwa umkhuhlane."  
"Hhayi cha! Ngifuna ukugibela isihlahla somganu namhlanje," kunyipha uDangos.



Ngolwesibili, UDangos uvuke wathimula futhi. "E...thiya!"  
 Ikhanda lakhe libuhlungu nomphimbo wakhe uyaluma  
 ngaphakathi.  
 "Hmmm, uphume esikoleni uze ekhaya futhi namhlanje,"  
 kusho u-Anti.  
 "Hhayi chai Ngifuna ukudlala nabangane bami," kusho  
 UDangos ekwhelela.



Fold

On Saturday, when Dangos woke up, she jumped  
 up. But...  
 "I'm sorry Dangos, you need one more day inside.  
 Remember, we always take special care of you  
 when you've been sick," said Aunty firmly.  
 "OH NO!" shouted Dangos. "I have so many things  
 to do!"  
 NgoMgqibelo, UDangos uvuke wagxuma. Kodwa...  
 "Ngityaxolisa Dangos udinga olunye usuku lokuhlala  
 ekhaya." "Ukhumbule ukuthi siyakunakekela uma  
 ugula," kusho u-Anti engahleki.  
 "AWU CHAI!" kuthetha UDangos "Nginezinto eziningi  
 kabi okufanele ngizenze!"



On Tuesday, when Dangos woke up, she sneezed  
 again. "Aachoo!" Her head hurt and her throat tickled.  
 "Hmmm, come straight home after school again  
 today," said Aunty.  
 "Oh no! I want to play with my friends,"  
 coughed Dangos.



Dangos woke her Aunty early on Sunday morning.  
 "Today," said Dangos, "I'm going to climb the  
 marula tree. I'm going to play with my friends."  
 UDangos uvuse u-Anti wakhe ekuseni NgeSonto.  
 "Namhlanje ngizogibela isihlahla somganu.  
 Ngizodlala nabangane bami."

Fold



## Get story active!

After you and your children have read *Oh no!* try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- Look closely at the pictures in the story. Can your children find Dangos in each of the pictures? What is she doing? How do they think she feels?
- Talk about the story's ending. Why are the last words "Oh no!"?
- Help older children to deepen their understanding of the story by asking them to pay attention to the details in the pictures. Ask questions such as: What are the other children in the story doing? How do you think Aunty feels on page 6?

### If you have 30 minutes...

- Ask your children to find all the animals in the pictures. Can they name them and describe what they are doing?
- Talk with your children about how they are cared for when they are sick. What is the same as in the story? What is different?
- Let your children draw real or imaginary "feeling sick" pictures. Help them to write what they want to about their pictures.

### If you have one hour...

- Fold a few sheets of paper for your children to create their own picture books about a real or imagined time in their lives when they were sick. Ask them to draw pictures. Help younger children by writing what they tell you for each picture. Let older children write on their own. Encourage your children to read their own books and to share them with others!

## How well do you know the Na'ibali characters?

Use the pictures to help you match Gogo, Neo and Bella to their favourite types of stories.

## Ubazi kahle kangakanani abalingiswa bakwaNa'ibali?

Sebenzisa izithombe zikaGogo, uNeo noBella ukuze uziqondanise nezindaba zabo abazithandayo.



Pirate stories/  
Izindaba zezigcwelegcwele zasolwandle

Animal stories/  
Izindaba zezilwane

Stories about love/  
Izindaba ezimayelana nothando

Answers: Gogo - Pirate stories; Neo - Animal stories; Bella - Izingane ezimayelana nothando; Neo - Izindaba zezigcwelegcwele zasolwandle; Bella - Izindaba zezilwane; Noodle - Izindaba zezigcwelegcwele zasolwandle; Gogo - Izindaba zezilwane.

Name of book	How much I liked it (1-5)	Reasons
Igama lencwadi	Ngiyithokozele kangakanani (1-5)	Izizathu

**15 April is World Scrabble Day! Use these scrabble pieces to spell the name of Bella's pet dog.**

**Umhla ka-15 Ephreli Usuku Lomhlaba Lwezinguze (Scrabble Day)! Ngabe ungakwazi ukusebenzisa lezi zingcezu ze-scrabble ukuze upele igama lenja kaBella?**

## Reading club corner

Are you looking for ways to allow the children at your club to express their opinions about the books they read? Here's an idea to try. Let them fold A4 sheets of paper in half and glue them together to make "reading record" cards. Ask them to write their names at the top and to draw three columns. Each week they can write the names of the books they have read in the first column and then a rating from 1-5 to show how much they enjoyed the book. Encourage them to write the reasons for their rating in the third column.

Look out for this feature in future Na'ibali supplements for ideas and advice on running a reading club!

**Bheka lesi sigaba ezithasiselweni ezilandelayo zakwaNa'i bali ukuze uthole amacebo nokucetshiswa ngokuqhuba ithimba lokufunda!**

## Ikhona lethimba lokufunda

Ngabe ufuna izindlela zokuvumela izingane ezisethimbeni lakho zizwakalise imibono yazo mayelana nezincwadi ezizifundayo? Nali icebo eningalizama: zivumele ukuthi zigoqe amakhasi angu-A4 phakathi nendawo bese ziwahlanganisa ngegulu ukuze zenze amakhadi "amarekhodi okufunda". Zicele ukuthi zibhale amagama azo phezulu bese zidweba izinhlu (amakholomu) ezintathu. Zingabhala amagama ezincwadi ezizifundile esontweni ngalinye ohlwini lokuqala bese zizinika amaphuzu asukela kweli-1 ukuya kwama-5 ukuze zikhombise ukuthi ziyithokozele kangakanani incwadi. Zikhuthaze ukuthi zibhale izizathu zokunikeza amaphuzu eziwanikezile ohlwini lwesithathu.

Days to celebrate at your club in April

- 15 April World Scrabble Day
- 22 April Earth Day
- 23 April World Book Day
- 27 April Freedom Day

Izinsuku zokugujwa ethimbeni lenu ngo-Ephreli

- Umhla ka-15 Ephreli Usuku Lomhlaba Iwe-Scrabble
- Umhla ka-22 Ephreli Usuku Lomhlaba (Earth)
- Umhla ka-23 Ephreli Usuku Lomhlaba Lwencwadi
- Umhla ka-27 Ephreli Usuku Lwenkululeko

## Story corner

Here is a story about a meerkat for you to read aloud or tell.

### Mini Meerkat makes a friend (Part 1) Retold by Joanne Bloch

"Mini, it's time to gather food!" said Mama Meerkat one morning. "I'm sending you somewhere new today!"

"Where?" Mini asked. Mini Meerkat loved foraging for food in exciting new places.

"Last week a tree blew over in the storm," said Mama Meerkat. "Its trunk has made a bridge over the pool at the bottom of the koppie. Go down there, cross the tree bridge and see if you can find anything good for us to eat on the other side of the pool."

Off went Mini Meerkat. Along the way, she saw Owl sitting sleepily in a tree. "Good morning, Owl," said Mini Meerkat politely.

"Good morning," said Owl. "Where are you going, all by yourself?"

"I'm going to cross over the pool to look for food," said Mini Meerkat proudly.

"Well, be careful," said Owl. "You don't have sharp claws like me!"

Mini Meerkat walked on until she saw Jackal. "Where are you off to, Mini Meerkat?" he asked.

"I'm going to look for food on the other side of the pool," Mini answered.

"Hmm, be careful," said Jackal. "You don't have sharp teeth like I do!"

Mini Meerkat hurried on towards the pool. After a while she met Rabbit. "Where are you rushing to, Mini," he drawled, as he chewed on a long blade of grass.

"I'm going to look for food on the other side of the pool," explained Mini Meerkat.

"Ooooh," said lazy Rabbit "You're brave! Aren't you scared of IT? The THING that lives in the pool!"

"I'm not scared!" said Mini and off she went. But as she drew closer to the pool, she wondered what IT was and what IT might do to her.

"I won't look down," she said to herself, when she reached the tree bridge. She made her way along it but when she reached the middle, she couldn't resist peering into the water ... and there IT was! A face peering back at her! Mini Meerkat didn't want to show how scared she was, so she pulled an ugly face ... but the THING made an ugly face too!

With her heart thumping, Mini Meerkat turned and raced back towards her home.

Find out next week how Mini deals with the THING.




Illustration by Jiggs Snaddon-Wood  
Imidwebo yenziwe uJiggs Snaddon-Wood

## Ikhona lezindaba

Nansi indaba emayelana nobubhibhi yokufundwa kakhulu noma ixoxwe.

### UBubhibhi uMini uthola umngani (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch

"Mini, sekuyisikhathi sokuyofuna ukudla!" kusho uMama uBubhibhi ngolunye usuku ekuseni. "Ngizokuthuma kwenye indawo entsha namhlanje!"

"Kuphi?" kubuza uMini. UBubhibhi uMini wayethanda ukuyofuna ukudla ezindaweni ezintsha ezivusa isasasa.

"Umuthi uwiswe isivunguvungu ngesonto eledlule," kusho uMama uBubhibhi. "Isiqu sawo senze ibhuloho phezu kwesiziba esingezansi negquma. Iya laphaya, uwele ngebhuloho lomuthi bese ubheka ukuthi angeke yini usitholele ukudla ngaphesheya kwesiziba."

Wasuka wahamba uBubhibhi uMini. Endleleni wabona uSikhova ehleli engqaphazela emthini. "Sawubona, Sikhova," kusho uBubhibhi uMini ngenhlonipho.

"Sawubona," kusho uSikhova. "Uyaphi kodwa wedwa?"

"Ngizowela isiziba esimnyama ukuze ngiyofuna ukudla," kusho uBubhibhi uMini ngokuziqhenya.

"Kulungile, kodwa uqaphele," kusho uSikhova. "Awunawo amazipho abukhali njengami!"

UMini wahamba waze wabona uMpungushe. "Uyaphi, Bubhibhi uMini?" kubuza yena.

"Ngiyofuna ukudla ngaphesheya kwesiziba," kuphendula uBubhibhi uMini.

"Eyi, kodwa uqaphele," kusho uMpungushe. "Awunawo amazinyo abukhali njengawami!"

UBubhibhi uMini washesha waya ngasesizibeni. Ngemuva kwesikhashana wahlangana noNogwaja. "Uphuthumaphi, Mini?" ekhuluma enensa, ngesikhathi ehlahlana umucu wotshani obude.

"Ngiyofuna ukudla ngaphesheya kwesiziba," kuchaza uBubhibhi uMini.

"Oooo," kusho uNogwaja ovilaphayo, "Unesibindi! Ngabe awuyesabi INTO? INTO ehlala esizibeni!"

"Angeke ngibuke phansi," ezitshela, ngesikhathi efika ebhulohweni lomuthi. Wahamba phezu kwalo wathi uma efika maphakathi nesiqumuthi, akaze akwazi ukuzibamba wabuka emanzini ... nansiya INTO! Ubuso bubheke ngakuye! UBubhibhi uMini akazange afune ukukhombisa ukuthi wethukile, wase ekhombisa ubuso obungebuhle ... kodwa kwamethusa ukuthi le NTO ikhombise ubuso obubi nayo futhi!

"Angeke ngibuke phansi," ezitshela, ngesikhathi efika ebhulohweni lomuthi. Wahamba phezu kwalo wathi uma efika maphakathi nesiqumuthi, akaze akwazi ukuzibamba wabuka emanzini ... nansiya INTO! Ubuso bubheke ngakuye! UBubhibhi uMini akazange afune ukukhombisa ukuthi wethukile, wase ekhombisa ubuso obungebuhle ... kodwa kwamethusa ukuthi le NTO ikhombise ubuso obubi nayo futhi!

Inhliziyo kaBubhibhi uMini yayishaya ngamandla ngesikhathi egijima ebuyela ekhaya.

Thola ngesonto elizayo ukuthi uMini ubhekana kanjani neNTO.

### In your next Nal'ibali supplement:

- How to use books with children to help them explore issues and find information
- Your letters to Nal'ibali
- Storage ideas for your reading club
- Mini-book, *Who's afraid of the dark?*
- The final part of a read-aloud story, *Mini Meerkat makes a friend*

Can't wait until next week for more reading and story tips, stories and inspirational ideas? Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

Find us on your cellphone:  
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)  
Sithole kumakhalekhwini wakho:  
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ungazisebenzisa kanjani izincwadi nezingane ukuze uzisize ukuthi zicubungule izimo nokuthi zithole imininingwane.
- Izincwadi zakho eziya kwaNal'ibali.
- Amacebo endawo yokubeka izinto zethimba lakho lokufunda
- Ibhukwana, *Ubani osaba ubumnyama?*
- Ingxenye yokucina yendaba efundwa kakhulu, *UBubhibhi uMini uthola umngani*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, izindaba kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela u-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma u-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).

